



Book by book

There are so many different stories out there and so many books. It's not surprising that when we are asked to share books with children, we sometimes feel confused and overwhelmed about what to choose.

We all – children and adults – become readers one book at a time. It is only by reading on our own and with others that we come to know what to do and which books to choose. There is no correct place to start, only a correct time – now! Page by page, story by story and book by book we gradually learn more about books and reading, and we become more comfortable in our role as a reader and a reading role model for others. Each time we read a book, we learn something – and this learning never stops! There is so much to get to know and experience – from the look and feel of a book, to its themes, characters, style of writing and illustrations.

It helps to ask others which books they enjoyed and to try their recommendations, like you might try on clothes in a shop – some fit and some don't! But, just like growing our own wardrobe of clothes, in time we come to know which stories suit us best. Each of us gathers a collection of best-loved stories. These can be stories from close to home and from far-away places; some are filled with lessons and messages, some tell of hardship and challenges, and others make us laugh and fill us with joy.

Some of us start to gather stories as babies on the lap of a precious adult. Some of us start at school, when we are read to by a teacher or a librarian. These adults are able to pass on the power and delight of reading because they have experienced it for themselves. So, book by book, we develop as readers and we pass on this experience to the next generation, who in turn will pass it on to their children one day.

For more information on reading with your children, visit "Tips and Topics" on www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.

"Books are the plane, and the train, and the road. They are the destination, and the journey. They are home."

Anna Quindlen, *How reading changed my life*

"Izincwadi ziyindiza, isitimela, kanye nomgwaqo. Ziyindawo oya kuyo, kanye nohambo. Ziyikhaya."

U-Anna Quindlen, ku-*How reading changed my life*



Ngenchwadi nencwadi

Kunezindaba eziningi ezahlukene la ngaphandle futhi kunezincwadi eziningi. Akumangazi ukuthi uma sicelwa ukuthi sabelane nezingane ngezincwadi, ngesinye isikhathi siye sizithole sesididekile futhi sixakekile ukuthi singakhetha yiphi.

Sonke – izingane nabantu abadala – siba abafundi ngenchwadi eyodwa ngesikhathi esisodwa. Sazi kuphela ngokufunda sodwa noma kanye nabanye abantu ukuthi singenzenjani nokuthi yiziphi izincwadi esingazikhetha. Ayikho indawo efanele ongaqala kuyo, yisikhathi esifanele kuphela – manje! Ikhasi nekhasi, indaba ngendaba nencwadi nencwadi siya sifunda kabanzi ngezincwadi nokufunda, futhi sizizwa sinethezekile endimeni yethu yokuba ngabafundi kanye nokuba yisibonelo esihle sokufunda kwabanye. Njalo nje uma sifunda incwadi, sifunda okuthile – kanti nalokhu kufunda akupheli! Kuningi kakhulu okumele ukwazi futhi kwenzeka empilweni yakho – kusukela endleleni incwadi ebukeya ngayo nendlela ezwakala ngayo, ukuya ezindikimbeni zayo, kubalingiswa bayo, indlela ebhalwe ngayo nemidwebo.

Kuyasiza ukubuza abanye ukuthi yiziphi izincwadi abazithokozele nokuthi uzame lezo abakutshela zona ngendlela obungalinganisa ngayo izingubo esitolo – ezinye ziyakulingana ezinye azikulingani! Kodwa, njengokwenzeka uma sandisa izingubo ezikumawodilophu ethu, emva kwesikhathi sigcina sesazi ukuthi iziphi

izindaba ezihambisana nathi kangcono. Umuntu ngamunye kithina uba neqoqo lezindaba azithanda kakhulu kunezinye. Lezi kungaba yizindaba zangasekhaya noma zasezindaweni ezikude; ezinye zazo zigcwele izifundo nemilayezo, ezinye zixoxa ngobunzima nezinsalele, kanti ezinye zisenza sihleke futhi zisenza sigcwele injabulo.

Abanye bethu baqala ukuqongelela izindaba besengabantwana behleli emathangeni omuntu omdala othandekayo. Abanye bethu baqala esikoleni, ngesikhathi befundelwa uthisha noma umsizi wasemtatsheni wezincwadi. Laba bantu abadala bakwazi ukudlulisela kwabanye amandla nobumnandi bokufunda ngoba bakuzwile bona uqobo. Ngakho, ngenchwadi nencwadi, siyathuthuka njengabafundi futhi sidlulisela lokhu okwenzeka ezimpilweni zethu esizukulwaneni esizayo, naso esizodlulisela lokhu ezinganeni zaso ngelinye ilanga.

Ukuze uthole eminye imininingwane mayelana nokufunda nezingane zakho, vakashela ku-"Tips and Topics" ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi.



Drive your imagination

Read to me. Book by book.
Ngifundele. Incwadi nencwadi.





Drive your imagination

Your story

Here is a piece of writing by Sello Phemelo to inspire you in 2014! Sello's poem received the Best Writing award in our Children's Day writing competition last year.

Who can I help?
Stretch out your hand
Reach out
To the people's needs

Open your ears
Here are inspiring words
Open your eyes
And look around

Just ask yourself: what can I do?
You have hands
You have eyes
You have ears
Expose yourself.

If you love, love more
If you sing, sing the best
If you know how to read, read more
If you have anything good,
Show it to the world.
Come out, do not hide
Expose yourself
This year.

Sello Phemelo, 11 years, Dynamite Diamonds Reading Club, Limpopo



Indaba yakho

Nasi isiqephu sombhalo esibhalwe uSello Phemelo esizokuvusela usinga ngo-2014! Inkondlo kaSello yathola umklomelo Wokubhaliwe Okuphume Phambili emncintiswaneni wangonyaka odlule woSuku Lwezingane.

Ubani engingamsiza?
Lula isandla sakho,
Usize
Abantu abadinga okuthile.

Vula izindlebe zakho,
Nanka amazwi avusa usinga.
Vula amehlo akho,
Bheka endaweni ekuzungezile.

Zibuze ukuthi: ngabe ngingenzani?
Unezandla,
Unamehlo,
Unezindlebe,
Zibonakalise.

Uma uthanda, thanda kakhulu
Uma ucula, cula ukudlula abanye abantu.
Uma ukwazi ukufunda, funda kakhulu
Uma kukhona into enhle onayo,
Yikhombise umhlaba.
Phumela obala, ungacashi.
Zibonakalise
Kulo nyaka.

NguSello Phemelo, oneminyaka eyi-11, ovela ku-Dynamite Diamonds Reading Club, eLimpopo. Le nkondlo yayibhalwe ngesiNgesi yase ihunyushelwa esiZulwini.



Do you enjoy writing and drawing? Are you an adult who writes for children? Or, are you a child who enjoys writing poems or stories, or drawing pictures and then writing about them? We'd love to see what you've been doing! If you send us your writing and pictures, you stand a chance of having them published in the Nal'ibali supplement, or on the Nal'ibali website. Remember: it has to be all your own work!

Send your writing and pictures to: info@nalibali.co.za or PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wycroft Road, Mowbray, 7700.

Ngabe uyakuthokozela ukubhala nokudweba? Ngabe ungumuntu omdala obhalela izingane? Noma, ngabe uyingane ekuthokozelayo ukubhala izinkondlo noma izindaba, noma ukudweba izithombe bese ubhala ngazo? Singathanda ukubona ukuthi bewenzani! Uma usithumelela lokho okubhalile nezithombe, ungaba sethubeni lokuthi kushicilelwe esithasiselweni sakwaNal'ibali, noma kusizindalwazi sakwaNal'ibali. Khumbula: ukuthi kumele konke kube umsebenzi wakho!

Thumela okubhalile nezithombe ku-info@nalibali.co.za noma ku-PRAESA, Suite 17-201, Building 17, Waverley Business Park, Wycroft Road, Mowbray, 7700.



Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgesi ohlelweni lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina

1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



“...mina-ke nginguThando,” kusho owesthathu.

“...and I am Love,” said the third.



“Ngingukuhlakaniha,” kusho owestibili.

“I am Wisdom,” said the second.



The elders at the door Abantu abadala abasemnyango

A West African tale
Inganekwane yaseNtshonalanga
ne-Afrika




Maryanne Bester Shayle Bester

The elders at the door is one of ten stories specially written and illustrated for the new *Sunday Times Storytime* book which was created for South African children.

The first *Sunday Times* storybook was launched three years ago to allow children to experience the magic of stories, especially in their own languages. The *Sunday Times* has distributed two million copies of the first book in all 11 languages free of charge to schools, libraries and reading clubs across the country.

This book is currently available in English with plans to translate it into other languages in the future.

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your imagination

Fold

“Ngingusibusiso,” kusho umuntu omdala wokuqala.

“I am Blessing,” said the first elder.



Fold

Umndeni wagala ukudingida ukuthi kumele bakhethe muphi. Ingane endala yathi, “Baba, ibhizinisi lakho belingahambi kahle hle... ngakho ngicabanga ukuthi simeme usibusiso angene, ukuze ibhizinisi lakho lisimame. Sizobe sesibusiswa ngezinto eziningi ezinhle.”



The family began to discuss whom they should choose. The eldest child said, “Daddy, your business has not been going so well... so I think we should invite Blessing to come inside, so that your business can grow. Then we will be blessed with many good things.”

It was early morning and still dark. In the shadows, three figures slowly, slowly made their way along the road, and down into the village. They stopped outside a house and knocked on the door.

Inside the house, the family was wide awake. The children talked and sang with big voices, while their mother cooked the morning meal. When it was ready, the hungry family sat down to eat. Only then did they hear the knocking.

Kwakusekuseni kakhulu futhi kusemnyama. Emathunzini, kwavela izithunzi ezintathu, ezazihamba kancane, kancane emgwaqweni, zehla zaze ziyofika emuzini. Zama ngaphandle kwendlu zase zingqongqoza emnyango.

Ngaphakathi endlini, umndeni wawusuvukile. Izingane zazixoxa zicula ngamazwi amakhulu, ngesikhathi umama wazo epheka isidlo sasekuseni. Lapho sesilungile, umndeni olambile wahlala phansi wadla. Kulapho wezwa khona ukuthi kukhona ongqongqozayo.



Udadewabo wathi, "Chabo bo. ISIZATHU esenze ukuthi ibhizinisi lakho lingahambi kahle ukuthi awunakho ukuhlakanipha angene, Baba."



His sister said, "No, no. The REASON your business is not going well is because you need the wisdom to make it grow. We should ask Wisdom to come in, Daddy."

The elders replied, "Ah, now that you have chosen Love, we will all come in, because wherever Love is, there is also both Blessing and Wisdom."

Abantu abadala baphendula bathi, "Uyabona-ke, njengoba nikhethe uThando, sizongena sonke, ngoba lapho kukhona uThando, kukhona kokubili iSibusiso noKuhlakanipha."



Fold

The mother went to the window and looked out. By now the shadows had lifted, and she could see the figures waiting outside. "There are three elders out there," she said to the father. "They are dirty and hungry, and need to be taken care of." "Then you must open the door and invite them in," said her husband. So the mother went to the door and invited the elders in. "Ah thank you, kind woman, but we never enter together," said the elders. "You must choose one of us." The mother went back to the father and told him what the elders had said. "Then we must ask them for their names and choose one of them," said the father. So the woman went back and asked them for their names. Umama waya efasiteleni walunguza. Ayasesukile amathunzi, wazibona izithunzi ezilinde ngaphandle. "Kukhona abantu abadala abathathu ngaphandle," esho kubaba. "Bangcolile futhi balambile, badinga nokunakekelwa futhi." "Vula umnyango-ke bese ubacela ukuthi bangene," kusho umyeni wakhe. Ngakho umama waya emnyango wase ebacela ukuthi bangene. "Awu siyabonga, nkosikazi enomusa, kodwa asize sangena kanyekanye," kusho abantu abadala. "Kumele ukhethe oyedwa wehnu." Umama wabuyela kubaba wamtshelela ukuthi batheni abantu abadala. "Kumele-ke sibabuze amagama abo bese sikhetha oyedwa wabo," kusho ubaba. Unkosikazi wabuyela emuva wayobabuzisa amagama abo.

Fold





Fold

Kodwa umntwana omncane, wayazi amagama ambalwa, wawasho wagcizelela, esho ephindelela, "UThando. UThando. UThando."
 Ngakho umndeni awuzange usaqhubeka nokudingida lolu daba. Wanquma ukumemela uThando endlini yawo.

But the baby, who knew few words, with great insistence, said over and over again, "Love. Love. Love. Love."
 So the family discussed the matter no further. They decided to invite Love into their home.



For the last time then, the mother went to the door. She stood before the elders and said, "We have chosen Love."

Umama waya emnyango okokugcina. Wama phambi kwabantu abadala wathi, "Sikhethe uThando."

Fold



Get creative!

In this new regular section in the supplement we give you ideas for storytelling, reading and writing activities that are fun to do with children. In this first one children use pictures from old magazines to tell their own stories!

You will need:

- old magazines
- ruler and koki/crayon
- scissors

What to do:

1. Prepare for the activity by finding pages from the old magazines that have interesting pictures on them. Tear out these pages. Then, on the back of each page, draw a square which is about 15 cm x 15 cm.
2. Lay out all your magazine pages so that they are face-down. In other words, you can't see the interesting pictures!
3. Ask your child to help you cut along the lines you have drawn without peeping at the pictures on the other side.
4. Put the cut-out squares face-down in a pile.
5. Let your child turn over the first picture and use it to begin to tell a story.
6. When he or she is ready, let them turn over the next picture and use it to continue the story.
7. The story finishes after the last picture has been turned over.



Tips!

- Each person who wants to tell a story will need 10–12 pictures.
- You can make this into a group storytelling activity by doing steps 5 and 6 differently. Let one child begin the story (step 5), but then let another child turn over the next picture and continue the story.
- If you are doing this activity at a reading club and do not have enough scissors for each child, do steps 1 to 3 before the reading club session starts.
- Remember, this activity is not about describing what's in the pictures. It's about being creative and telling interesting stories!




Veza ubuciko bakho!

Kulesi sigaba esisha esisesithasiselweni sakho sikunikeza imiqondo yemisebenzi yokuxoxa, yokufunda nokubhala emnandi uma yenziwa nezingane. Kulo wokuqala izingane zisebenzisa izithombe ezivela kumaphephabhuku amadala ukuze zixoxe izindaba zazo!

Izinto ozozinga:

- amaphephabhuku amadala
- irula nekhokhi noma amakhrayoni
- isikele



Ongakwenza:

1. Lungiselela ukwenziwa komsebenzi ngokuthola amakhasi anezithombe ezihlaba umxhwele. Dabula ukhiphe lawo makhasi. Bese, ngemuva kwekhasi ngalinye, udwebe isikwele esilingana no-15 cm x 15 cm.
2. Yendlala wonke amakhasi akho amaphephabhuku abheke phansi. Ngamanye amazwi, angeke ukwazi ukuzibona lezi zithombe ezihlaba umxhwele!
3. Cela ingane yakho ukuthi ikusize usike ulandele imigqa oyidwebile ngaphandle kokulunguza isithombe esingakolunye uhlangothi.
4. Beka izikwele ezisikwe zakhishwa zibeke phansi zibe ingqumbi.
5. Vumela ingane yakho ukuthi iphendule isithombe sokuqala bese isisebenzisa ukuqala ixoxe indaba.
6. Uma isilungele ukwenza lokho, ivumele iphendule isithombe esilandelayo bese isisebenzisa ukuqhubeka nendaba.

Amathiphu!

- Umuntu ngamunye odinga ukuxoxa indaba uzodinga izithombe eziyi-10–12.
- Ningenza lokhu kube umsebenzi wokuxoxa indaba wethimba ngokwenza isinyathelo sesi-5 nesesi-6 ngendlela ehlukele. Vumela ingane eyodwa ukuthi iqale indaba (isinyathelo sesi-5), kodwa bese uvumela enye ingane ukuthi iphendule esinye isithombe ukuze iqhubeka nendaba.
- Uma wenza lo msebenzi ethimbeni lokufunda ungenazo izikele ezanele ingane ngayinye, yenza isinyathelo soku-1 ukuya kwesesi-3 ngaphambi kokuqala komhlangano wethimba lokufunda.
- Khumbula ukuthi, lo msebenzi akuwona owokuchaza ukuthi kunani ezithombeni. Kumayelana nokuveza ubuciko bakho nokutshela abantu izindaba ezihlaba umxhwele!

Collect the Nal'ibali characters

Cut out and keep all your favourite Nal'ibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

About Noodle

Age: 3 years old

Lives with: Bella and her mom

Favourite snack: dog biscuits

Favourite drink: water

Favourite places to visit: places where he can run around and dig holes

Books he likes: books with animal noises in them, especially dogs that bark



Ziqoqele abalingiswa bakwaNal'ibali

Sika bese ugcina bonke abalingiswa bakwaNal'ibali obathandayo bese ubasebenzisa ukwenza ezakho izithombe, izindaba noma nanoma yini oyicabangayo!

Okumayelana noNoodle

Iminyaka yobudala: iminyaka emi-3

Uhlala: noBella nomama wakhe

Ukudla kokubamba umoya akuthandayo: amabhisikidi ezinja

Isiphuzo asithandayo: amanzi

Izindawo athanda ukuzivakashela: izindawo angakwazi ukugijima kuzo bese emba nemigodi

Izincwadi azithandayo: izincwadi ezinemisindo yezilwane, ikakhulukazi izinja ezikhonkothayo

Here's an idea...

Cut out and colour in the picture of Noodle and then paste it on a large sheet of paper. Then do one or more of the following things.

- Draw a thought bubble and then draw a picture inside it to show what Noodle is thinking about.
- Draw a picture of Bella sitting next to Noodle and reading to him.

Or, keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nal'ibali characters, use them to create your own Nal'ibali poster!

Nali icebo...

Sika ukhiphe bese uhlobisa ngombala isithombe sikaNoodle bese usinamathisela ephepheni elikhulu. Bese wenza okukodwa noma okungaphezulu kulezi zinto ezilandelayo.

- Dweba ibhamuza lomcabango bese udweba isithombe ngaphakathi kwalo ukuze ukhombise ukuthi ucabangani uNoodle.
- Dweba isithombe sikaBella ehleli eduze kukaNoodle emfundela.

Noma, ugcine isithombe endaweni ephephile, kuthi uma usuthole bonke abalingiswa bakwaNal'ibali, ubasebenzisele ukuzenzela eyakho iphosta yakwaNal'ibali!

Story corner

Here is the second part of the story about Hans who has lots of not-so-wise ideas! Enjoy reading or retelling it.

Wise Hans

(Part 2)

Retold by Jay Heale

Illustrations by Meg Jordi

As Hans walked up the hill towards his home village, a flash of sparks made him look to the side of the road. A knife-grinder was sharpening knives on his grindstone.

"You seem very happy," called Hans.

"I am happy," answered the knife-grinder. "Every knife I grind puts money in my pocket. All you need is a good grindstone and everything else is easy." Then he looked at Hans rather carefully. "Tell you what," he said, "I'll exchange my grindstone for your goose. The grindstone's a little bit worn, but your goose isn't brand new either."

"That is very generous of you," said Hans. "My, what a day I am having!"

It had been a long day and Hans felt very tired and hot. He stopped at the well for a drink of water. He put the grindstone down carefully and started to wind up the bucket full of water. But the bucket swung and knocked the grindstone off the low wall. It fell into the well with a great splash!

"This is the best thing that has happened so far!" said Hans. "I don't have to carry that heavy thing one more step. My mother will be glad when I tell her what I have done!"

And he walked on up the road without a care in the world.



Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yesibili yendaba ka-Hans onamacebo amaningi angahlakaniphile neze! Thokozela ukuyifunda noma ukuphinda uyixoxe.

Isihlakaniphi esinguHans

(Ingxenye yesi-2)

Ixoxwa kabusha nguJay Heale

Imidwebo yenziwe nguMeg Jordi

Ngesikhathi ekhuphuka igquma eya ngasemuzini wakubo, ukuqhasha kwezinhansi kwamenza wabheka eceleni komgwaqo. Umuntu olola imibese wayelola imibese ngetshe lokulola, umlalazi phela.

"Ubukeka uthokozile," kumemeza uHans.

"Ngijabulile," kuphendula umuntu olola imibese. "Umbese ngamunye engiwulolayo ungenisa imali ephaketheni lami. Into oyidingayo nje kuphela ngumlalazi, yonke enye into ilula." Wase ebhekisisa uHans ngokucophelela. "Uyazi yini," kusho yena, "ngizokunika umlalazi wami wokulola imibese ngehansi lakho. Usumdala lo mlalazi wemibese, kodwa nalo ihansi lakho alilisha sha."

"Waze waphana bo," kusho uHans. "Nkosi yami, lwaze lwanezigigaba usuku lwami!"

Kwakube wusuku olude, futhi uHans wayezizwa ekhathele futhi esha. Wama ngasemthonjeni ukuze aphuze amanzi. Wabeka phansi ngokucophelela umlalazi wemibese waqala ukudonsa ibhakede eligcwele amanzi. Kodwa ibhakede laphenduka lashaya umlalazi lawa odongeni olufushane. Lawela emanzini achaphazeka kakhulu!

"Lena yinto enhle kakhulu eseyenzekile kuze kube manje!" kusho uHans. "Akusamele ngithwale le nto enzima elinye igxathu futhi. Umama uzojabula uma ngimtshela ukuthi ngenzeni!"

Wase ehamba enyuka emgaqweni engenandaba nalutho.

Tell us if you liked the story, *Wise Hans* – SMS "Bookmark" with your name and your comments to 32545. R1,00 per SMS.

Sitshela ukuthi ngabe uyithandile yini indaba ethi, *Isihlakaniphi esinguHans* – thumela nge-SMS u-"Bookmark" negama lakho nalokho ofisa ukukusho ku-32545. I-SMS ibiza u-R1,00.

CAMBRIDGE

From *Three clever thinkers* by Jay Heale © 2009
Ihunyushwe isuselwa ku-*Three clever thinkers* kaJay Heale © 2009

In your next Nal'ibali supplement:

- How to start a reading club
- Our readers' letters and messages
- A special Valentine's Day activity
- A cut-out-and-keep book, *Bear's haircut*
- A zigzag book, *Spots*

Bookmarks, posters, activity sheets... Download your free resources from the Nal'ibali "Resource Section" at www.nalibali.org



Find us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ungaliqala kanjani ithimba lokufunda
- Izincwadi nemiyalezo yabafundi
- Umsebenzi wangoSuku LweziThandani
- Incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyayigcina, *Ukugunda kukaBhele*
- Incwadi emazombezombe, *Amagqabhaza*

Ama-bookmark, amaphosta, amaphepha emisebenzi... Thwebula ngensiza yekhompuyutha izinsiza zamahhala ku-Nal'ibali "Resource Section" ku-www.nalibali.org

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination

Daily Dispatch

The Herald

The Times

Sowetan